

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA I  
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER I**

Isikhathi: Amahora ama-2½

Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-14. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
  2. Leli phepha lineziqephu EZINE.
  3. Phendula zonke IZIQEPU.
  4. Qala isiqephu ekhasini elisha.
  5. Qiniseka ukuthi awuyixovi imibuzo.
  6. Phendula yonke imibuzo ngesiZulu.
  7. Shiya imigqa emibili emva kwempendulo.
-

**ISIQEPHU A****ISIFUNDO SOKUQONDISA****UMBUZO 1**

Funda le **ncwadi** bese uphendula imibuzo elandelayo.

Private Bag X 11  
Randburg  
2194  
22 kuMandulo 2017

Mama wami

Ngibhala le ncwadi ukuze ngikubonge ngazo zonke izinto ongenzela zona. Ngithanda ukubonga nangemali owangifakela yona ebhange. Ingxene yale mali ngathenga ngayo ikhekhe losuku lwami lokuzalwa. Salidla nabafundi ekilasini lami lesiZulu. Uthisha wethu uMnumzane Mdluli wajabula kakhulu ukuba nathi ekilasini ngalesi sikhathi kudliwa ikhekhe. Ulithanda kakhulu ikhekhe, wayehleka njalo. Enye imali-ke ngayishiya ebhange.

Mama, ngiyazi ukuthi usebenza kanzima ukuze ngikwazi ukufunda kulesi sikole. Kunzima kakhulu kuwena njengoba nobaba **esasishiya emhlaben**i. Ngithanda wazi mama wami ukuthi ngibonga kakhulu. Nami ngizimisele ukusebenza kanzima ukuze ngingakuphoxi.

Imiphumela yethu yama-*Prelims* izophuma ngesonto elizayo. Ngiyethemba ukuthi uzojabula uma usuyibona. Isifundo ebesinzima yiZibalo, kodwa ezinye ngicabanga ukuthi ngiziphumelele ngamalengiso. Ngilindele amaphesenti angama-96 kweZezwe.

Ngijabule kakhulu lapho ngizwa ukuthi ngithole umfundaze wokufundela ubudokotela eWits ngonyaka ozayo. Ngiyathemba nawe mama uzojabula ukuzwa loku. Abangane bami uDolly noNtombi bona bazoya kofunda e-UCT. Mina angithandanga ukuya e-UCT ngoba angithandi ukwandisa umthwalo kuwe. Ngibone ukuthi kuzodula kakhulu ukuya kofunda kude nasekhaya, ikakhulukazi kulezi zinsuku ngoba kubhikishwa njalo emanyuvesi ethu. Ukubuya njalo ekhaya ngenxa yeziteleka kungabiza kakhulu. Ngifuna ukuqedo imfundo yami ngikuso lesi **sifundazwe** sakithi. Ngibone ukuthi uzokhokha imali eningi ngoba kukude e-UCT. Lapha eWits kuzoba lula ngoba ngizofunda ngihlala ekhaya.

Ngijabula kakhulu ngokuthi ngizofunda eduze nekhaya, kodwa kuzoba buhlungu ukuhlukana nabangane bami esesifunde nabo iminyaka eminingi. Kodwa-ke mama impilo injalo. Ngiyazi ukuthi ngizobathola abanye abangane abalungile eWits. Kuyangithokozisa ukwazi ukuthi ngizokwandisa abangane empilweni yami. Ngizozikhethela abangane abathanda ukusebenza njengoDolly noNtombi. Angifuni ukuphoxa abomfundaze wami ngoba ngifuna bangifundise ngize ngiqede izifundo zami zobudokotela. Ngifuna uziqhenye ngami mama njengozinyobulala wakho. Indlela osebenza ngayo kanzima iyangikhuthaza mama wami.

Wena mama usasebenza kahle lapho eNelspruit? Ngiyafisa ukuthi ubuye ngonyaka ozayo uzosebenza lapha eGoli. Ngiyazi ukuthi kade wawuzama ukuthola umsebenzi lapha eGoli. Qhubeka uzame mhlawumbe kuzolunga mama. Isizungu sokuhlala ngedwa singibulele kule minyaka emibili. Ngibonga abangane bami ngoba bayangivakashela ngezinye izinsuku. Isizungu sisiqeda ngezincwadi kuphela.

Mama, sengibona izinsuku zihamba kancane. Ngifisa zisheshe ukuze sibonane ngokuphela kwenyanga uma usuvakashele ekhaya. Imiphumela yethu yama Prelims kufanele ukuthi izobe isifikile. Sizoyibuka nawe sijabule.

Sala kahle mama.

Yimina indodakazi yakho

uNokuthula

[Ibhalwe ngu S Khuluse]

- 1.1 Phendula uthi IQINISO noma AMANGA.
  - 1.1.1 UDolly noNtombi bazofunda e-UCT ngonyaka ozayo. (1)
  - 1.1.2 Ngamantombazane kuphela okukhulunywa ngawo kule ncwadi. (1)
- 1.2 Bhala izinto **ezimbili** ezijabulisa uNokuthula ngokufunda eWits ngonyaka ozayo. (2)
- 1.3 Ukuphi ubaba kaNokuthula? (1)
- 1.4 UNokuthula ufunda kusiphi **isifundazwe?** (1)
- 1.5 Bhala lezi zifundo ezilandelayo ngesiZulu.
  - 1.5.1 Geography (1)
  - 1.5.2 Mathematics (1)
- 1.6 Bhala **umqondofana** waleli gama elilandelayo. Impendulo isencwadini.
   
**amalanga** (1)
- 1.7 Bhala **umqondophika** waleli gama elilandelayo. Impendulo isencwadini.
   
**kalula** (1)
- 1.8 **Tomula** igama esigabeni sesi-5 elisho umntwana oyedwa kubo. (1)
- 1.9 Yikuphi okuhle okuhlanganisa uNokuthula nabangane bakhe? (1)
- 1.10 **Uyavuma** noma **uyaphika** ukuthi uNokuthula ungumfundsi ozethembayo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (2)
- 1.11 **Ngumbono** noma **yiqiniso** ukuthi uNokuthula unothando olukhulu lukamama wakhe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (2)
- 1.12 Ukuba wena ubungumama kaNokuthula, ubungamshiya yini umntwana wentombazane yedwa ekhaya? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (2)
- 1.13 Kubalulekile ukuba **nobudlelwane** obuhle phakathi komntwana nomzali wakhe. Sekela loku ngamaphuzu amabili. (2)

[20]

## UMBUZO 2

Funda le **ndatshana** elandelayo bese uphendula imibuzo.

### **Ballito Matric Pens Down**



[Inthanethi: <www.google.co.za>]

Abazali abaningu abasakujabuleli ukuvumela abantwana babo baye kule micimbi yabafundi abaqedo ukubhala ukuhlolwa kukamatikuletsheni. Bakhola ukuthi ziningi izinto ezimbi ezenziwa ngabafundi kule micimbi. Ezinye zalezi zinto ukuphuza utshwala, ukusebenzisa izidakamizwa, ukubhema ugwayi, njll.

"Mina ngangingaphuzi, ngafunda utshwala kule phathi emva kokubhala *umatrik* wami ngo 2012," kusho uBen owayefunda kwesinye sezikole ezizimele sakwaZulu-Natali.

Abafundi abaningu baya kulezi zindawo **bahlangane nezimbila zithutha**. Ngo 2014 kwashona abafundi abathathu eRichards Bay kuwo umcimbi ofana nalo waseBallito. Kwaba khona ukuxabana kwabafundi base beyagwazana. Kwaba buhlungu kubazali, ikakhulukazi ngoba bobathathu abazali babengathandi ukuthi abantwana babo baye kulo mcimbi. Bonke laba bazali **babindwa yisidwa** uma bethola lezi zindaba ezibuhlungu.

Umbuzo omkhulu ukuthi kufanele yini ukuthi le micimbi iqhubek? Isiza ngani? Ingayekwa kanjani? Iyiphi into engenziwa ukuze kuphephe kule micimbi?

- 2.1 Bhala izindawo ezimbili, ezibhalwe endaben, lapho kwenziwa le micimbi kamatikuletsheni. (1)
- 2.2 Iba **nini** onyakeni le micimbi? (1)

2.3 **Qondanisa** isaga ku A nencazelo ku B.

A	B
2.3.1 Ukuhlangana nezimbila zithutha	(a) Ukuhlangana nomuntu uhleke
2.3.2 Ukubindwa yisidwa	(b) Ukudla ummbila kakhulu
	(c) Ukuphelelwa ngamagama ozowakhulumu
	(d) Ukubhekana nenkinga enkulu

(2)

2.4 **Ngombono** wakho, kufanele le micimbi iqhubekile yensiwe? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili.

(2)

[6]

**UMBUZO 3**

Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo.



[IsiZulu Soqobo, Ibanga: 12 p. 253]

3.1 **Bangaki** abantu abakulesi sithombe. Bhala ngamagama. (1)

3.2 Amazwi kababa asibonisani ngaye? (1)

3.3 Ukuba wena uyilo baba bewungenzani ukuxazulula lesi simo? Bhala kube kubili. (2)  
[4]**Amamaki angama-30**

**ISIQEPHU B            UKUFINGQA****UMBUZO 4**

Funda le **ngxoxo** bese uyifingqa ngamagama angama-60 kuya kwangama-70. Bhala amaphuzu AMAHLANU.

*Ingxoxo phakathi kwekhansela nelunga lomphakathi.*



UKhumalo: Sawubona Mnumzane Smith.

UKhansela: Yebo Mnumzane Khumalo. Wangivakashela ekuseni kangaka! Ngingakusiza ngani?

UKhumalo: Asilalanga ebusuku Mnumzane Smith. Kugcwele amanzi lonke igceke lami, nangaphandle emgwaqweni.

UKhansela: Kwenzekeni Mntungwa? (*Kubuza uSmith, ekhombisa ukwethuka okukhulu.*) Amanzi aphuma **kumpompi** noma kuqhume ipayipi?

UKhumalo: Lawa manzi abonakale emuva kwsiphepho. Ngibona sengathi kuqhume ipayipi Mnumzane. Awukho umpompi ovuzayo (leaking) ekhaya lami noma kwamakhelwane.

UKhansela: Kusho ukuthi inkulu inkinga ngalawa manzi. Esigcemeni (ward) 3, nabo bebekhala ngenkinga efanayo. Kubona-ke akugcinanga lapho. Nogesi wabo ubunenkinga enkulu. Ngesizathu sokuthi umkhandlu wethu usebenzela abantu, sikwazile ukubasiza ngokushesha okukhulu. Kuyangijabulisa Khumalo ukuthi uphuthume uzobika le nkinga yakho.

UKhumalo: Siyawubonga umsebenzi wenu Khansela.

UKhansela: Ziningi impela izinkinga kulezi zinsuku Khumalo. Abasesigcemeni 5 izolo bebezobika udaba lwemizi engenelwe yizigebengu. Komunye umuzi zithathe izimoto ezimbili ngezibhamu.

UKhumalo:	Sesiphila ngeNkosi nje Khansela kulezi zinsuku. Kule nkinga yethu, okubi ukuthi amanzi awasaphumi ezindlini zethu manje. Asikwazi ukupheka, ukugeza nokuwasha izimpahla.
UKhansela:	Mhh!! Ngiyezwa Mntungwa. Ngicela usibhale phansi lesi sikhalo sakho. Ngizosifaka ohlwini Iwezikhalo ezisheshayo. Umthetho omusha uthi zonke izikhalo kufanele zibhalwe phansi ukuze kube nobufakazi.
UKhumalo:	Ngizokwenza njalo Mnumzane. Ngizoyibhala incwadi ngaphambi kokushona kwelanga namhlanje.
UKhansela:	Kuhle lokho Khumalo. Phuthuma umndeni nomphakathi ungahlali emanzini.
UKhumalo:	Ngicela ukubuza-ke Mnumzane Smith. Ukulungiswa kwalesi simo kuzohlala kulinde le ncwadi engizoyibhala? Uma ngiyiqeda kusasa kusho ukuthi amanzi azovuza kuze kube kusasa?
UKhansela:	Hhayi Khumalo. Uthe wena uzoyibhala incwadi lingakashoni nje! Ngesikhathi nje ngiyithola ngizobe sengithumela abantu bazolungisa.
UKhumalo:	Khansela!! Ngicela uthumele abantu manje ( <i>Washo ngezwi eliphakeme</i> ). Incwadi izolandela kamuva. Le nto oyishoyo ayinangqondo Sir!
UKhansela:	( <i>Ngokwethuka</i> ) Kulungile Khumalo ngizobathumela manje. Bazosebenza ubusuku bonke Mntungwa. Ungakhathazeki.
UKhumalo:	Ngibonga kakhulu Mnumzane Smith. Nami sengizobatshela abantwana ekhaya ngoba bakhathazeke kakhulu ( <i>Wasukuma wahamba uKhumalo</i> ).

[*IsiZulu Sethu*, Ibanga 12: p. 274]

Veza loku:

- Ighaza lalaba bantu emphakathini
- Inkinga
- Ezinye izinkinga kulo mphakathi
- Imbangela yenkinga
- Isixazululo

**Okuzobekwa:**

- **Sebenzisa amagama akho.**
- **Sebenzisa imisho egcwele.**
- **Sebenzisa ulimi oluhle.**
- **Bhala ngamaphuzu. UNGABHALI isigaba.**
- **Bala bese ubhala INANI lamagama owasebenzisile.**

Ingqikithi (5)

Ulimi (3)

Ukuhleleka kahle ngamaphuzu (1)

Inani lamagama (1)

**Amamaki angama-10**

**ISIQEPHU C      IZINKONDLO****UMBUZO 5****Inkondlo efundwe ekilasini**

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

- |    |   |
|----|---|
| 1  | Izinyembezi zigcwal' amehlo,                |
| 2  | Ulimi lugcwal' umlomo,                      |
| 3  | Kuth' angimbongoze njengembongolo           |
| 4  | Uma ngibuka le ndundum' ekumbozile.         |
| 5  | Isisindo say' ungathi siphezu kwami,        |
| 6  | Kwala ngithi ngiyazibamba, zimane zizehlele |
| 7  | Zehle mi...                                 |
| 8  | Umfanekiso wakh' awuphel' engqondweni.      |
| 9  | Ngikhumbula phansi kwesihlahla              |
| 10 | Uhlez' ukhinindel' abazukulu ngezakudala,   |
| 11 | Nabo basamangele ukuthi wayaphi,            |
| 12 | Ebunzini kubo ngiyawubona lowo mbuzo,       |
| 13 | Ngingakawuphenduli zimane zizehlele         |
| 14 | Zehle mi...                                 |
| 15 | Ofakazi bathi wawuhlonipha lo mhlaba        |
| 16 | Sethemba nakwelizayo koba njalo.            |
| 17 | Uhambe kahle-ke Themba lami,                |
| 18 | Uliphakamis' igama lami lapho kokhokho,     |
| 19 | Ungiphahlekele nelawu engongena kulo        |
| 20 | <b>Mhlazane ngafika kulelo zwe.</b>         |
| 21 | .....                                       |

[uK. Mthembu]

- 5.1 Bhala **isihloko** sale nkondlo. (1)
  - 5.2 Yiliphi **izwe** okukhulunywa ngalo emgqeni wama-20? (1)
  - 5.3 Amagama asemqqeni we-12 asitshelani ngesimo sabazukulu? Khetha kulezi zimpendulo:  
(Bayajabula, Badidekile, Balambile) (1)
  - 5.4 **Sifenco** sini esitholakala emgqeni wesi-3? (1)
  - 5.5 **Tomula** umugqa estanzeni sokuqala ochaza ukuthi akukhulumeki. (1)
  - 5.6 Bhala **isifundo** esitholakala kule nkondlo. (1)
- [6]

**UMBUZO 6**

Funda lezi zinkondlo ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Inkondlo A Inkondlo efundwe ekilasini****NGEMUKELE NGINJE**

- 1 Baba, ngemukele nginje.
- 2 **Xolela** ubuwula bami,
- 3 **Xolela** ukudl' impundu kwami,
- 4 **Xolela** ubumpumputhe bami.
  
- 5 Xolela ubuthulu bami,
- 6 Xolela ubumungulu bami.
- 7 Ngingowakho nginjengoba nginje,
- 8 Baba, ngemukele nginjengoba nginje.
  
- 9 Thethisa owami unembeza,
- 10 Thethisa amaphupho ami,
- 11 Thethelela labo abangilethayo,
- 12 Thethelela labo abangikhulisayo.
- 13 Uma kwabanjengami ngokubanje ngingemukeleki,
- 14 Uwena-ke owonayo, ngakho awemukeleki.

[uM.S.S. Gcumisa]

**Inkondlo B Inkondlo efundwe ekilasini****IMPANDE YESONO**

- 1 Onezay' izindodl' uth' akanayo,
- 2 Ongenay' uyifuna ngoshova konayo,
- 3 Nom' engayisebenzelang' uyayifuna.
- 4 Nonay' igcwel' amasak' uyayifuna.
  
- 5 Inamndl' aqhumis' amafindo.
- 6 Amafind' emshad' athekezelweyo
- 7 Agqabuk' izifociya zisale phansi,
- 8 Izingane eziselweyo zisale phansi.
  
- 9 **Nabathi basebenzel' imiphefumulo,**
- 10 **Baphefumulela kuyo ibe ngeyabo,**
- 11 Bath' akunikelelw imiphefumulo,
- 12 Nasebezophumula ilindelwe neyabo.
  
- 13 Uyeza umuhla wokuphela!
- 14 Kuyophelela khona ukuhlakanipha.

[uM.S.S. Gcumisa]

- 6.1 Enkondlweni A, imbongi ikhuluma no 'Baba'. Ngubani lo 'Baba'? (1)
- 6.2 Khetha igama elilungile:  
Enkondlweni A, imbongi (iyacula, iyathandaza, iyafundisa). (1)
- 6.3 Enkondlweni A, emgqeni we-11, ngobani laba imbongi ekhuluma ngabo? (1)
- 6.4 Enkondlweni A, chaza lawa magama alandelayo:
- 6.4.1 **isimungulu** (1)
  - 6.4.2 **impumputhe** (1)
- 6.5 Ngokwenkondlo B, yini **impande yesono** okukhulunywa ngayo? (1)
- 6.6 Veza **umqondo** wenkondlo B. Bhala amaphuzu amabili. (Zama ukusebenzisa amagama akho.) (2)
- 6.7 Chaza kahle ukuthi ithini imbongi emgqeni wesi-9 nowe-10, enkondlweni B. (1)
- 6.8 Ngobani laba **asebezophumula** emgqeni we-12, enkondlweni B? (1)
- 6.9 **Qhathanisa** lezi zinkondlo (A no B) ngaphansi kwalezi zihlokwana bese **uchaza** kahle.
- 6.9.1 **Umoya wenkondlo** (2)
  - 6.9.2 **Uhlobo lwenkondlo** (ngokwesakhiwo sangaphandle) (1)
  - 6.9.3 **Indikimba** (2)

[15]

## UMBUZO 7

### Inkondlo engafundwanga ekilasini

Funda le nkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

#### THEMBA LAMI

- 1 Themba lami,
- 2 Wena uyikho konke kimi.
- 3 Kuwe ngibona ikusasa lempilo yami ...
- 4 Kuwe ngibona uyise wabantwana bami.
  
- 5 Wena uligugu kimi.
- 6 Uyintshontshile inhlizyo yami.
- 7 Uyiluthile imizwa yami.
- 8 Uyididile ingqondo yami.
- 9 **Ngavele ngazibona ngempela sengiganjwa uthando.**
- 10 Uthando lwakho lukhula imihla nemihla.
- 11 Kepha soze laba ludala,
- 12 Mihla namalanga ngiluzwa sengathi lusha sha!
  
- 13 Themba lami,
- 14 Wena awudlile ngabuhle.
- 15 Awudlile ngabala, kepha udle ngobuciko bomlomo.
- 16 Ukumamatheka kwakho kungithatha kungibeke lapho ngingazi khona,
- 17 Maqede ngizibone nami sengimamatheka.
  
- 18 Themba lami,
- 19 Wena uyohlezi uligugu kimi.
- 20 Wena uyohlezi ungowami sthandwa.
- 21 Wena uyohlezi useduze nami.
  
- 22 Themba lami,
  
- 23 Ngibambe ngesandla,
  
- 24 Uze ungangidedeli.

[Inthanethi <www.google.co.za>]

- 7.1 Khetha igama elilungile:  
Le nkondlo ikhulumu (ngokufa, ngemfundo, ngothando). (1)
  - 7.2 Khombisa **ukuxhumana okuyingxemu** estanzeni sesi-2. (1)
  - 7.3 Veza izinhlobo ezimbili **zemvumelwano** estanzeni sesi-4, bese uyasho ukuthi luhlobo luni. (2)
  - 7.4 Bhala umugqa **onesizura** kule nkondlo. (1)
  - 7.5 Bhala uhlobo lwefanamsindo olubhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-9. (1)
  - 7.6 **Tomula/khipha** umugqa okhombisa **ukugcizelela** kule nkondlo. (1)
  - 7.7 Buka imigqa kule nkondlo, bese uphawula **ngesigqi**. Sekela impendulo yakho. (2)
- [9]

**ISIQEPHU D            UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 8**

Buka lesi sithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.



[Isithombe: <[www.google.co.za](http://www.google.co.za)>]

- 8.1 **Phikisa** amagama abhalwe ngokugqamile (Qaphela **ungabhalu** umqondophika).
- 8.1.1 **Inetball/ idlalwa** ngamantombazane kuphela ezikoleni zethu. (1)
  - 8.1.2 Amantombazane **amade** ayidlala kahle *inetball*. (1)
  - 8.1.3 Isikole sethu **sasihamba** phambili kwezemidlalo. (1)
- 8.2 Bhala **isabizwana sokukhomba** esilungile esikhundleni samagama akubakaki bese ulungisa nomusho.
- 8.2.1 (These) izingane ziyathanda ukudlala imidlalo. (1)
  - 8.2.2 (This) intombazane ebambe ibhola idlala kahle. (1)
- 8.3 Lungisa le misho ngokubhala **impambosi** efanele.
- 8.3.1 Amantombazane **adlala** isikole sawo. (1)
  - 8.3.2 Amantombazane **avuka** nguthisha ukulungisela imidlalo. (1)
- 8.4 Buza imibuzo kule misho elandelayo. Amagama abhalwe ngokugqamile abe yimpendulo yombuzo.
- 8.4.1 **Ayisithupha** amantombazane asesithombeni. (1)
  - 8.4.2 Kufanele uphuze amanzi **amaningi** uma udlala imidlalo. (1)

## UMBUZO 9

Buka lesi sithombe bese wenza umsebenzi olandelayo.



[Isithombe: <www.google.co.za>]

9.1 **Nciphisa** amagama abhalwe ngokugqamile.

9.1.1 **Intombazane** iyazithanda izinkomo. (1)

9.1.2 Intombazane ithola **imali** encane. (1)

9.2 Lungisa imisho elandelayo ngokufaka **ondaweni** abalungile.

9.2.1 (Isithombe) kukhona intombi enhle nezinkomo eziningi. (1)

9.2.2 Ezinye izinkomo zilele (utshani). (1)

9.2.3 Imali yepulazi iya (umlimi). (1)

9.3 Bhala **ubumnini** emagameni akubakaki. Bhala lonke igama.

9.3.1 Izinkomo (umlimi) zikhuluphele. (1)

9.3.2 Ipulazi (ubaba) likhulu kakhu. (1)

9.3.3 Ingane (yena) iyathanda ukudlala nezinkomo. (1)

9.4 Lungisa amagama akubakaki ngokufaka **izivumelwano** ezifanele. Bhala lonke igama.

9.4.1 Inkomo (\_khulu) iyathandeka. (1)

9.4.2 Imoto (\_sha) ithwala izinkomo epulazini. (1)

**[10]**

**UMBUZO 10**

10.1 Lungisa lesi siqeshana ngokufaka **izimpawu zokubhala** ezilungile.

uthemba wakhulumu wathi mina ngizophumelela ngamalengiso  
ezifundweni zami kulo nyaka bonke bawathanda amazwi alo mfana (4)

10.2 **Qala** lo musho ngegama 'intombazane' bese ulungisa/ushintsha lapho  
kufanele khona.

**Ubaba** uyathanda ukubuka izinkomo zakhe. Uma evuka uyazibuka zonke  
izinsuku. Thina siyamthanda ubaba wethu.

Intombazane ... (3)

[7]

**UMBUZO 11**

11.1 Sebenzisa igama '**umfundisi**' emishweni emibili ukukhombisa izincazelos  
ezahlukene. (2)

11.2 Bhala imisho ngalawa magama alandelayo ukukhombisa umehluko  
kuwona.

11.2.1 kala (1)

11.2.2 khala (1)  
[4]

**Amamaki angama-30**

**Amamaki esewonke: 100**